

# NALIBALI

## Connect with stories

Every day, people reach out to others to bring about positive change. A small act of kindness and love – like taking the time to read to someone or tell them a story – can make a big difference in their life.

Stories allow us to make sense of our own lives and to connect with family and friends. Sharing stories helps children to do more than just learn to read; it builds a sense of belonging to their families and communities and also helps them understand others.



## Xhumana ngezindaba

Zonke izinsuku, abantu baphuma ngezinkalo ukuze bafinyelele kwabanye balethe uguquko oluhle. Isenzo esincane nje sokulunga kanye nothando – njengokuchitha isikhathi ufundele umuntu othile noma umxoxele indaba – singenza umehluko omkhulu empilweni yakhe.

Izindaba zisenza ukuthi siqonde ngempilo yethu futhi sixhumane nemindeni nabangani. Ukwabelana ngezindaba kusiza izingane ukuthi zenze okungaphezulu nje kokufunda ukufunda okubhaliwe; kwakha umuzwa wokuzizwa usekhaya emindenini nasemiphakathini yazo futhi kuphinde kuzisize ziqondise abanye abantu.

### STORIES MAKE A DIFFERENCE

When we read to our children or tell them stories, we are helping to shape them. Here's how.

- ★ Sharing stories helps you bond with your children.
- ★ Stories help develop their imagination and creativity.
- ★ Stories help develop children's language and thinking, especially when they hear or read stories in their home languages.
- ★ Stories provide children with examples of how people meet the challenges that they face.
- ★ Children who enjoy being read to at home, are more likely to be motivated to read themselves. When children are motivated, they learn more easily.



### IZINDABA ZENZA UMEHLUKO

Ngenkathi sifundela izingane zethu noma sizixoxela izindaba, sisiza ukuzibumba. Nayi indlela yokwenza lokhu.

- ★ Ukwabelana ngezindaba kukusiza ukuthi usondelane nezingane zakho.
- ★ Izindaba zisiza ukuthuthukisa ukubona kwazo ngeso lengqondo kanye nokusungula.
- ★ Izindaba zisiza ukuthuthukisa ulimi kanye nokucabanga kwezingane, ikakhulukazi ngenkathi zizwa noma zifunda izindaba ngezilimi zazo zebele.
- ★ Izindaba zihlinzeka izingane ngezibonelo zezindlela abantu abahlangabezana ngazo nezinsalelo ababhekana nazo.
- ★ Izingane ezithokozela ukufundelwa ekhaya, zinethuba lokukhuthazeka ukuthi zizifundele ngokwazo. Uma ngabe izingane zikhuthazekile, buyakhula nobulula bokufunda.

### READING BEGINS AT HOME

Here are some of the things you can do at home to help make South Africa a reading nation.

- ★ **Read aloud regularly.** All you need is 15 minutes each day to read aloud to your children.
- ★ **Suggest books.** Talk to your children about which kinds of books and stories they like. Then help them find the ones they want, preferably in their home language/s.
- ★ **Write a review.** Encourage your children to write a book review of their favourite book. Then display their reviews for others to read, or send them to Nalibali to publish on our website. Email your reviews to us at [info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) with **Review for the Nalibali Supplement** in the subject line.



### UKUFUNDA KUQALA EKHAYA

Nazi ezinye zezinto ongazenza ekhaya ukuze usize ukwenza iNingizimu Afrika ibe yisizwe esifundayo.

- ★ **Funda kuzwakale njalo.** Konke okudingayo yimizuzu eyi-15 usuku ngalunye ukufundela izingane zakho kuzwakale.
- ★ **Phakamisa izincwadi.** Khuluma nezingane zakho ngezinhlobo zezincwadi kanye nezindaba ezizithandayo. Emva kwalokho zisize zithole lezo ezizifundayo, ikakhulukazi ngezilimi zazo zebele.
- ★ **Bhala iqoqa lokuhlaziya.** Khuthaza izingane zakho ukuthi zibhale iqoqa lokuhlaziya incwadi eziyikhonzile. Emva kwalokho zikhangise ngamaqoqa azo okuhlaziya kwezinye izingane ukuze ziwafunde, noma niwathumele kwaNalibali ukuze ashicilelwe kusizindalwazi sethu. Sithumelele nge-imeyili amaqoqa akho okuhlaziya ku-[info@nalibali.org](mailto:info@nalibali.org) nesihloko esithi **Review for the Nalibali Supplement** emgqeni wesihloko.



### Love to read!

Mandela said, "In my youth in the Transkei I listened to the elders of my tribe telling stories of the old days ... This is what has motivated me in all that I have done ..."

The stories we read to our children or tell them, can motivate and encourage them to reach their goals.

### Thanda ukufunda!

UMandela wathi, "Ebusheni bami eTranskei ngangilalela abadala besizwe bexoxa izindaba zezinsuku zakudala ... Lokhu yikhona okungigagquzele kukho konke engikwenzile ..."



Izindaba esizifundela izingane zethu noma esizixoxela zona, zingazigagquzela zibuye zizikhuthaze ukuthi zifinyelele ezinjongweni zazo.

# FUNda

**SONKE**  
Loyalty Programme



Drive your  
imagination



## Nal'ibali news

Each year on World Read Aloud Day, Nal'ibali reminds everyone in South Africa about the benefits of reading aloud to children. Since 2013, you've helped us spread a love of stories and reading to more and more children. In fact, according to LitWorld (the international organisers of World Read Aloud Day), the Nal'ibali celebration is one of the biggest in the world!



On our first World Read Aloud Day in 2013, you helped us read to 13 401 children. This year on 5 February 2020, we reached **2 925 224** children across the country! That's a new record for Nal'ibali and South Africa!

In preparation for World Read Aloud Day, Nal'ibali produced a special story. This year our story was called, *A day to remember*, written by well-known local author and early literacy expert, Lorato Trok, and illustrated by Rico. It featured the much-loved Nal'ibali characters, Neo, Hope and Josh, with Noodle adding to the fun!

Lorato wrote the story in Setswana, her home language, and then it was translated into all the official languages. Nal'ibali partnered with Blind SA to produce a version of the story in Braille, and with Sign Language Education and Development (SLED) to make a video of it in South African Sign Language. (You can find *A day to remember* on our website: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).)

"I write in Setswana – my home language – and English," said Lorato. "Usually I am asked to write stories in English. This time I had a choice. Once I decided to write in Setswana, the story just flowed onto the page! It made me realise how we often underestimate the power of using our own languages to express ourselves!"



Children enjoying the World Read Aloud Day event.  
Izingane zithokozela umcimbi woSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale.

## Izindaba zikaNal'ibali

Onyakeni ngamunye ngoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, abakwaNal'ibali bakhumbuza uwonkewonke eNingizimu Afrika ngezinzuzo zokufundela izingane kuzwakale. Ukusuka ngowezi-2013, usisizile ukusabalalisa uthando lwezindaba nokufunda ezinganeni eziningi. Eqinisweni, ngokweLitWorld (abahleli bezizwe ngezizwe boSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale), umgubho wakwaNal'ibali ngomunye wemigubho emikhulukazi emhlabeni!

Ngolwethu lokuqala USuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale ngowezi-2013, wasisiza safundela izingane eziyizi-13 401. Kulo nyaka mhla zi-5 kuNhlolanja wezi-2020, safinyelela ezinganeni eziyizi-**2 925 224** ezweni lonkana! Lokho kuyingqophamlendo entsha kuNal'ibali kanye neNingizimu Afrika!

Ukulungiselela USuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale uNal'ibali ukhiphe indaba ekhethekile. Kulo nyaka indaba yethu ibizwa ngokuthi, *Usuku esiyohlale silukhumbula*, ebhalwe ngumbhali odumile wakuleli nongungoti kwezokufunda nokubhala kwabasebancane, uLorato Trok kanti imifanekiso idweshwe nguRico. Ifaka phakathi abalingiswa bakwaNal'ibali abathandwa kakhulu, uNeo, uHope noJosh, kanye noNoodle owengeza injabulo!

ULorato wayibhala indaba ngesiTswana, ulimi lwakhe lwebele, emva lwalokho yahunyushelwa kuzo zonke izilimi ezisemthethweni. UNal'ibali wahlanganyela nabakwa-Blind SA ukukhiqiza ushicilelo lwendaba ngohlelo lwe-Braille, kanye nabe-Sign Language Education and Development (SLED) ukwenza ividiyo yayo ngoLimi Lwezimpawu LwaseNingizimu Afrika. (Ungathola *Usuku esiyohlale silukhumbula* kusizindalwazi sethu: [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org).)

"Ngibhala ngesiTswana – ulimi lwami lwebele – kanye nangesiNgisi," kusho uLorato. "Imvamisa ngicelwa ukuthi ngibhale izindaba ngesiNgisi. Kulokhu ngibe nokuzikhethelela. Lapho senginqume ukubhala ngesiTswana, indaba yamane yashalelela nje ekhasini! Lokhu kungenze ngabona ukuthi sivamise ukuwathathela phansi amandla asekuwebenziseni izilimi zethu ukuzixoxela!"



Lorato Trok reading her story to everyone.  
ULorato Trok efundela uwonkewonke indaba yakhe.



Drive your  
imagination

On World Read Aloud Day, a special reading event featuring this year's ambassador, Manaka Ranaka (known for playing Lucy Diale in the SABC drama, *Generations*), read to 400 children from Pretoria and Sunnyside Primary Schools at the Es'kia Mphahlele Community Library in Pretoria.

Other events included a walk through the streets of communities in six provinces. Nal'ibali's Literacy Mentors and FUNda Leaders held read-aloud sessions at schools, reading clubs, libraries and community centres across the country. They distributed World Read Aloud Day 2020 story cards, and read *A day to remember* to the children present.

World Read Aloud Day 2020 was a resounding success because people like you took the time and made the effort to read aloud to a child – or many children – to help kick-start a culture of reading in South Africa.

NgoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, umcimbi wokufunda okhethekile ofaka nenxusa lanonyaka, uManaka Ranaka (odume ngokudlala uLucy Diale emdlalweni wakwa-SABC, i-*Generations*), wafundela izingane ezingama-400 eziphuma eZikoleni Zamabanga Aphansi ePretoria kanye naseSunnyside emtatsheni wezincwadi i-Es'kia Mphahlele Community Library ePitoli.

Eminye imicimbi yayihlanganisa ukuhamba emigwaqeni yemiphakathi ezifundazweni eziyisithupha. Abeluleki Bokufunda Nokubhala bakwaNal'ibali kanye namaFUNda Leaders babamba imihlangano yokufunda kuzwakale ezikoleni, emathimbeni okufunda, emitatsheni yezincwadi kanye nasezikhungweni zomphakathi ezweni lonkana. Basabalalisa amakhadi endaba yoSuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale, futhi bafunda *Usuku esiyohlale silukhumbula* ezinganeni ezazikhona.

Usuku Lomhlaba Lokufunda Kuzwakale lwangowezi-2020 lwaba yimpumelelo enkulu ngoba abantu abafana nawe bathatha isikhathi futhi benza imizamo yokufunda kuzwakale enganeni – noma ezinganeni eziningi – ukusiza ukuqalisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika.



Neo entertaining the crowd at the Es'kia Mphahlele Community Library.  
UNeo ethokozisa izihlewele emtatsheni wezincwadi womphakathi i-Es'kia Mphahlele Community Library.



Ambassador, Manaka Ranaka, gets the children excited about reading.  
Inxusa, uManaka Ranaka, wenza izingane zikujabulele ukufunda.

We did it ...  
**Thank you!**

Together, on World Read Aloud Day, we read to  
**2 925 224**  
children across South Africa!

Sikwenze kwenzeka ...  
**Siyabonga!**  
Sindawonye, ngoSuku Lomhlaba Lokufunda  
Kuzwakale, sifundele izingane eziyisi  
**2 925 224**  
kulo lonkana elaseNingizimu Afrika!

**WIN! WINA!**

For a chance to win some Book Dash books, write a review of the stories, *A tiny seed* (pages 5, 6, 11 and 12) and *Hippo wants to dance* (pages 7, 8, 9 and 10), and email it to [team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), or take a photo and tweet us at [@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Your review could be published in a future Nal'ibali Supplement!) Remember to include your full name, age and contact details.

Ukuthola ithuba lokuwina ezinye izincwadi zakwa-Book Dash, bhala iqoqa elihlaziya indaba ethi, *Imbewu encane* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12) kanye nethi *UMvubu ufuna ukudansa* (amakhasi 7, 8, 9 nele-10), bese ulithumela nge-imeyili ku-[team@bookdash.org](mailto:team@bookdash.org), noma uthwebule isithombe bese uxhumana nathi ngothwitha ku-[@bookdash](https://twitter.com/bookdash). (Iqoqa lakho lokuhlaziya lingashicilelwa kuSithasiselo sikaNal'ibali sangesikhathi esizayo!) Khumbula ukufaka igama lakho eligcwele, iminyaka yobudala kanye neminingwane yokuxhumana.



Drive your imagination

# Celebrate stories!


Here are some ideas to help you.

- Get your family or a group of friends together. Choose a story or play that you all enjoy. Make puppets and put on a puppet show at home, or at a reading club, library or anywhere that children are gathered. (You can find ideas on how to make different kinds of puppets in Edition 162 and 167 of the Nal'ibali Supplement.)
- Offer to clean or fix things at your local library. Speak to the librarian to get permission and find out what you can do. Then invite friends to help you make your library a more comfortable and enjoyable place to be.
- Write a poem – then read it aloud to others!
- Invite your family and friends to collect books and magazines to donate to a children's home, old-age home, school or reading club. Spend time reading with the children or elderly people.
- Donate cushions, mats, pens, stickers, coloured paper, scissors, glue and other useful craft materials to a reading club.
- Print copies of the Nal'ibali Supplement cut-out-and-keep books and Story Corner stories from our website and hand them out to children.

# Bungaza izindaba!

Nawa amanye amacebo azokusiza.

- Hlanganisa umndeni wakho noma iqoqo labangani ndawonye. Kheitha indaba noma umdlalo enizowuthokozela nonke. Yenza opopayi bese wenza umbukiso wopopayi ekhaya, noma ethimbeni lokufunda, emtatsheni wezincwadi noma yinoma kuphi lapho izingane zihlangene khona. (Ungathola amacebo ngezindlela zokwenza izinhlobo ezahlukene zopopayi kuShicilelo 162 no-167 zeSithasiselo sikaNal'ibali.)
- Zinikele ukuhlanza noma ukulungisa izinto ezilimele emtatsheni wezincwadi wangakini. Khuluma nosomtapo wezincwadi ukuze uthole imvume bese uthola ukuthi yini ongayenza. Emva kwalokho mema abangani ukusiza ukwenza umtapo wezincwadi wangakini ube yindawo enethezeke futhi nethokozeleka kakhudlwana.
- Bhala inkondlo – bese uyifundela abanye kuzwakale!
- Cela umndeni wakho kanye nabangani ukuba baqoqe izincwadi namaphephabhuku ukuze ninikele ngakho ekhaya lezingane, ekhaya labadala, esikoleni noma ethimbeni lokufunda. Chitha isikhathi ufunde nezingane noma abantu abadala.
- Nikela ethimbeni lokufunda ngemiqamelo, omata, amapeni, izinamatheli, amaphepha emibala, izikelo, okokunamathisela kanye nezinye izinto ezibalulekile zomsebenzi wezandla.
- Yenza amakhophi ezindaba ozisika bese uzikhipha zeSithasiselo sikaNal'ibali kanye nezindaba zeKhona Lendaba bese uwanikeza izingane.



## Create **TWO** cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
  - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
  - b) Fold it in half again along the green dotted line.
  - c) Cut along the red dotted lines.



## Zenzele ezakho izincwadi **EZIMBILI** ozosisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
  - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
  - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
  - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination



The more she learnt, the more she realised that she loved the people of Kenya. She wanted them to be happy and free. The more she learnt, the more she remembered her African home.

Lapho kwanda akufundayo, wabona nokuthi wayebathanda abantu basekenya. Wayefuna ukuba baqabule futhi bakhululeke. Lapho efunda kabanzi, wayelokhu ekhumbula ikhaya lakhe elise-Afrika.



# A tiny seed Imbewu encane



Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Drive your imagination

Nicola Rijsdijk  
Maya Marshak



Enyvesi yaseMelika uWangari wafunda izinto eziningi ezintsha. Wafunda ngezizhalo nangokuthi zikhula kanjani. Wakhumbula nangokuthi wakhula kanjani: edlala imidlalo nabafowabo emithunzini yezihlahla ezinkulu emahlathini amahle aseKenya.

At the American university, Wangari learnt many new things. She studied plants and how they grow. And she remembered how she grew: playing games with her brothers in the shade of the trees in the beautiful Kenyan forests.



In a village on the slopes of Mount Kenya in East Africa, a little girl worked in the fields with her mother. Her name was Wangari.

Emuzini osekwehleleni kweNtaba iKenya eMpumalanga ye-Afrika, kwakunentombazanyana eyayisebenza emasimini nomama wayo. Igama layo kwakunguWangari.




When she had finished her studies, she returned to Kenya. But her country had changed. Huge farms stretched across the land. Women had no wood to make cooking fires. The people were poor and the children were hungry. Wangari knew what to do. She taught the women how to plant trees from seeds. The women sold the trees and used the money to look after their families. The women were very happy. Wangari had helped them to feel powerful and strong.



“Awukuyeki ngani ukudansa?” kubuza uMbongolo, ethwela amabhakede akhe. “Awuyenzi ngani into ebalulekile kunalokho?”



“Why don't you stop dancing?” asks Donkey, carrying his buckets. “Why can't you do something useful instead?”



Hippo wants to dance. She flops into a puddle of mud and slides around on her nice big belly. UMvubu ufuna ukudansa. Ubhulukuxela obhukwini lodaka bese eshwibeka nesisu sakhe esihle esikhulu. Squishi Squashi Bhulukaxui Bhalakaxui

# Hippo wants to dance UMvubu ufuna ukudansa



Sam Beckbessinger  
Megan Andrews  
Marisa Steyn



Lots more free books at [bookdash.org](http://bookdash.org)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)




Drive your imagination

“Qaphela! Ucishe wangikhabhala!”  
kusho uBubhithi, egeza izingane zakhe.  
“Hamba uyodansa kwenye indawo.”



“Be careful! You nearly kicked me!”  
says Meerkat, bathing his babies.  
“Go and dance somewhere else.”


Hippo wants to dance. She jumps up and down on the dusty ground.




UMvubu ufuna ukudansa. Uyagxumagxuma emhlabathini onothuli.


Dikli!  
Dikli!

UMvubu udangele. Udangele kakhulu ukuthi angadansa. Uhlala phezu kwedwala uyakhala. Izinyembezi zehla ezihlathini zakhe bese ziwela emhlabathini.



Hippo is sad. She is too sad to dance. She sits on a rock and cries. The tears roll down her cheeks and fall on the ground.







Umvubu ufuna ukudansa. Uyazibinya uzungezungeza esigangeni, ukhahlela imilenze yakhe uyibhekisa phezu. Shwishwishiwi! Shwishwishiwi!



Hippo wants to dance. She twirls around and around in a field, kicking her legs up high.



“You’re getting dirt on me!” says Shongololo, sleeping in the sand. “Go and dance somewhere else.”

“Ungithela ngezintuli!” kusho uShongololo, elele emhlabathini. “Hamba uyodansa kwenye indawo.”

“Uyangimanzisa!” kusho uNgonzolo, ezingela isidlo sakhe sasakuseni. “Hamba uyodansa kwenye indawo.”




“You’re making me wet!” says Kingfisher, hunting for her breakfast. “Go and dance somewhere else.”

Hippo wants to dance. She rolls into the river and splashes her arms and legs.




UMvubu ufuna ukudansa. Uyagingqika ungena emfuleni athi gxumbu ngezingalo nemilenze yakhe.

Gxambu! Gxumbu!



UNtethe wazizwa izinyembezi zikaMvubu. Waqala ukudansa ezungeza izinyawo zakhe. Gxungxungxui! Gxungxungxui!



Grasshopper hears Hippo’s tears. He starts dancing around her feet.

Hippo and Grasshopper start to dance, and the other animals come to look ...



UMvubu noNtethe baqala ukudansa, ezinye izilwane ziza zizobukela ...



Lapho eseqede izifundo zakhe, wabuyela eKenya. Kodwa izwe amapulazi amakhulu ayesendialeke kulo mhlabo. Abesifazane babengenza izinkuni zokubasa umlilo wokupheka. Abantu babempofu kanti nezingane zilambile. UWangari wakwazi ukuthi kumele enzeni. Wafundisa abantu besifazane ukuthi batshale izihlahla ngebewu. Abesifazane babezithengisa izihlahla basebenzise imali ukunakekela imindenani yabo. Abesifazane babethokoze kakhulu. UWangari wayesebenze ukuthi bazizwe beyizikhondlakhondla futhi beqinile.

Wayekuthanda ukufunda! UWangari wafunda okuningi ngaleyo naleyo ncwadi ayeyifunda. Wenza kahle kakhulu esikoleni waze wamenywa ukuthi ayofunda eMelika. Lokhu kwamhlaba umxhwele uWangari! Wayefuna ukwazi kabanzi ngomhlaba.

She liked to learn! Wangari learnt more and more with every book she read. She did so well at school that she was invited to study in the United States of America. Wangari was excited! She wanted to know more about the world.



Wangari died in 2011, but we can think of her every time we see a beautiful tree.

UWangari washona ngowezi-2011, kodwa sicabanga ngaye njalo uma sibona isihlahla esihle.



Wangari loved being outside. In her family's food garden she broke up the soil with her machete. She pressed tiny seeds into the warm earth.

UWangari wayekuthanda ukuba ngaphandle. Esivandeni sokudla somndeneni wakhe wayelima khona umhlabathi ngegeja lakhe i-machete. Wayecindezela imbewu encane emhlabathini ofudumele.



UWangari wayeyingane ehla kaniphe kakhulu futhi wayeselangazela ukuya esikoleni. Kodwa umama kanye nobaba wakhe babefuna ahlaie ekhaya ukuze abasize. Lapho eseneminyaka eyisikhombisa, umfowabo omdala wanxusa abazali bakhe ukuthi bamyeke aye esikoleni.


Wangari was a clever child and couldn't wait to go to school. But her mother and father wanted her to stay and help them at home. When she was seven years old, her big brother persuaded her parents to let her go to school.



Ngokuhamba kwesikhathi, kwakhula izihlahla ezintsha zaba ngamahlathi, kwase kuqala ukugeleza kwemifuta futhi. Umlayezo kaWangari wasabalala ne-Afrika.

Namhlanje, sekunzigidl zezihlahla esezikhule zivela embewini kaWangari.

As time passed, the new trees grew into forests, and the rivers started flowing again. Wangari's message spread across Africa. Today, millions of trees have grown from Wangari's seeds.



Her favourite time of day was just after sunset. When it got too dark to see the plants, Wangari knew it was time to go home. She would follow the narrow paths through the fields, crossing rivers as she went.

Isikhathi sosuku ayesithanda kwakungemvana kokushona kwelanga. Lapho sekumnyama kakhulu ukuthi angabona izitshalo, uWangari wayazi ukuthi sekuyisikhathi sokubuyela ekhaya. Wayelandela indledlana encane edabula amasimu awele nemifuta, aqhubeke nohambo lwakhe.

Wangari had worked hard. People all over the world took notice, and gave her a famous prize. It is called the Nobel Peace Prize, and she was the first African woman ever to receive it.

UWangari wayesebenze kanzima. Lokhu kwabonwa abantu emhlabeni wonke, base bemklomelisa ngomklomelo odumile. Ubizwa nge-*Nobel Peace Prize*, futhi wayengowesifazane wase-Afrika wokuqala ngqa ukuwuthola.



## Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the *Nal'ibali Supplement*: *A tiny seed* (pages 5, 6, 11 and 12), *Hippo wants to dance* (pages 7 to 10) and *Moganana* (page 14).



## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi ongayizama. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sikaNal'ibali: *Imbewu encane* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *UMvubu ufuna ukudansa* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi, *UMoganana* (ikhasi le-15).


### A tiny seed

- ★ People called Wangari Maathai "Mama Miti", which means "Mother of Trees". Can you think why they called her this?
- ★ Make a poster to invite the people of your community to plant trees in their gardens, in school yards and in parks. Your poster should say why trees are important to people and animals.
- ★ Find some seeds to plant. Reuse plastic containers (like yoghurt cups or the bottom of a 2 litre cooldrink bottle) or empty tin cans as plant pots. Put soil in your containers and then plant the seeds. Place them near sunlight and water them regularly. Enjoy watching your plants grow!



### Imbewu encane

- ★ Abantu babebiza uWangari Maathai ngokuthi "uMama Miti", okuchaza ukuthi "uMama Wemithi". Ucabanga ukuthi babembizelani kanjalo?
- ★ Yenza iphosta yokumema abantu bomphakathi wakho ukuthi batshale imithi ezivandeni zabo, emagcekeni esikole kanye nasemapaki. Iphosta yakho kufanele isho ukuthi imithi ibaluleke ngani kubantu nasezilwaneni.
- ★ Thola imbewu ozoyitshala. Phinda usebenzise iziqukathi zepulastiki (njengezinkomishana zeyogathi noma isinqe sebhodlela lesiphuzo elingamalitha ama-2) noma amakani angenalutho njengamabhojwana ezitshalo. Faka inhlabathi eziqukathini zakho bese utshala imbewu. Zibeke ngaselangeni bese ude uzinisela. Thokozela ukubona izithombo zakho zikhula!




### Hippo wants to dance

- ★ Look at page 12 of the story. Draw your own picture to go with the text on this page. Include a speech bubble and in it, write what you think Grasshopper might have said to Hippo.
- ★ Write your own text to go with pages 14 and 15 of the story.



### UMvubu ufuna ukudansa

- ★ Bheka ikhasi le-12 lendaba. Dweba esakho isithombe esizohambisana nombhalo okuleli khasi. Faka nebhamuza lenkulumo kuso, ubhale lokho ocabanga ukuthi uNtethe wayengase akusho kuMvubu.
- ★ Bhala esakho isiqephu esizohambisana namakhasi ele-14 nele-15 endaba.



### Moganana

Imagine that you wake up one morning and when you look in the mirror, your body looks completely different! Draw a picture of what you look like in your new body. Describe what you can do now that you could not do before.



### UMoganana

Ake uzicabange nje uvuka ekuseni ngelinye ilanga bese kuthi lapho ubuka isibuko, uthole umzimba wakho ubukeka wehlukile ngokuphelele! Dweba isithombe sendlela obukeka ngayo emzimbeni wakho omusha. Chaza osukwazi ukukwenza manje obungakwazi ukukwenza ngaphambilini.



Drive your imagination



# Moganana

By Jenny Robson Illustrations by Heidel Dedekind



Moganana was a mopane worm, a very sad mopane worm. He sat on a branch of the mopane tree and sighed a deep mopane-worm sigh.

"I don't want to be a mopane worm," he said.

Just then his friend, Katlego the chameleon, appeared on a branch nearby.



"Dumela, Katlego!" called Moganana.

"Dumela, Moganana!" Katlego called back. "Why are you so sad?"

Moganana sighed again. "I'm bored! All I do is walk and eat, walk and eat! Day after day!"

But Katlego had just seen a fly – a fat, juicy fly. *Ping!* His long tongue shot out of his mouth like a rocket. *Galoop!* The tip of his tongue wrapped around the fly. *Ka-ching!* His tongue shot back into his mouth, carrying the fly with it. Katlego chewed his juicy breakfast.

"I wish I were a chameleon!" said Moganana. "Even eating is fun for you."

How could Katlego cheer up his worm-friend? "I know!" he said. "We can play hide-and-seek! Moganana, you close your eyes and count to one hundred while I hide away. Then you must try to find me!"

Moganana crawled onto the big white rock. He closed his eyes tight and began to count. "One, two, three ..." It took a long time. But at last he came to the end. "Ninety-eight, ninety-nine, ONE HUNDRED! COMING – READY OR NOT!" he shouted.

Now where could Katlego be hiding? Moganana looked up into the dark green bush with its dark green leaves. No Katlego there. Moganana checked the spiky thorn tree. No Katlego there. He looked out across the yellow sand and the tall pink grass. No Katlego there. Katlego had disappeared!

Moganana began to worry. Had something bad happened? Had the hawk carried Katlego away? Had the snake grabbed him? He knew that the hawk and the snake liked to eat chameleons.

"Katlego! Katlego, where are you?" Moganana shouted.

Just then he heard Katlego's voice coming from the big white rock, "One, two, three – BLOCK MYSELF!"

Moganana shook his head in amazement as he wriggled over to the rock. "Where did you hide? I couldn't find you anywhere!"

Katlego laughed. "I was in the dark green bush."

"That cannot be!" said Moganana. "I looked there. I didn't see you."

The chameleon laughed again. "That's because I turned dark green, just like the leaves. We chameleons can do that. It's a special trick called camouflage."

How exciting! Imagine being able to change colour! Moganana felt even sadder. He wished even more that he was a chameleon!

Then it was his turn to hide. Katlego sat on the white rock with his bulging chameleon eyes shut tightly and began to count, "One, two, three ..."

Moganana looked around. Where could he hide? The dark green bush was no good. Katlego would spot his round white body right away. The spiky thorn tree was no good. Moganana was scared of thorns. Moganana walked along the yellow sand towards the tall pink grass. Perhaps he could hide there?

Katlego was still counting, "Thirty-nine, forty, forty-one ..."

Finally, Katlego finished counting. "COMING – READY OR NOT!" he yelled.

Now where could his worm-friend be hiding? Katlego rolled his bulging eyes this way and that. No, Moganana was not in the dark green bush. Nor in the spiky thorn tree. Nor on the yellow sand. Katlego searched and searched until he was tired. "Moganana! Moganana, come out!" he called.

The sun began to set. Long, dark shadows fell across the land. Katlego sat on the big white rock, feeling worried. Had the hawk caught the little worm in his terrible, sharp claws? Had a truck driven its heavy, black tyres over poor Moganana? Katlego was so upset, he didn't eat any supper.

Katlego searched for Moganana the next day. And the next. But his friend had disappeared completely.

"My friend, I miss you so much! Even if you were always complaining," Katlego said sadly.

Many days later Katlego saw a fat, juicy fly in the spiky thorn tree, but he felt too sad to eat. The fly buzzed away. Suddenly Katlego heard a familiar voice. It came from the big white rock. "One, two, three – BLOCK MYSELF!" called the voice.

Katlego went over to the rock. It wasn't Moganana there on the rock. No! It definitely wasn't a round white worm! Katlego rolled his bulging eyes and stared – on the big white rock sat a beautiful moth with huge wings!



"Who are you?" asked Katlego.

"I'm Moganana," the moth called back.

"No, you aren't!" said Katlego. "Moganana is a white mopane worm who is always sad and bored!"

The moth smiled. "But I *am* Moganana! Truly, Katlego. I walked down into the sand and I fell asleep. When I woke up, I looked like this! Now I am Moganana, the mopane moth!"

Katlego shook his head in wonder.

"And watch this, Katlego. I can fly!" said Moganana. The beautiful moth flapped his huge wings. Up he went, high above the big white rock.

Katlego was amazed. He called up, "So are you still bored? Do you still want to be a chameleon?"

Moganana flapped his huge wings until he was high above the dark green bush. "Never!" he shouted. "I just want to be ME!"



Drive your  
imagination



# UMoganana

NguJenny Robson ■ Imidwebo nguHeidel Dedekind



Ikhona lezindaba

UMoganana wayeyicimbi lommopane, icimbi lommopane elidangele kakhulu. Wahlala egatsheni lomuthi ummopane wayesephefumula okujulile kwecimbi lommopane ngempela. "Angifuni ukuba yicimbi lommopane," kwasho yena.

Ngemvana nje kwalokho umngani wakhe, uKatlego unwabu, waqhamuka egatsheni eliseduze.



"Sawubona, Katlego!" kumemeza uMoganana.

"Yebo, Moganana!" kuphendula uKatlego. "Yini udangele ngale ndlela?"

UMoganana waphinda wadonsa umoya. "Ngingesizungu! Konke engikwenzayo wukuhamba ngidle, ngihambe ngidle! Nsuku zonke!"

Kodwa uKatlego wayesanda kubona impukane – impukane ekhuluphele, econsisa amathe. *Nwi!* Ulimi lwakhe olude lwaphuma emlonyeni wakhe njengesiphuphutheki. *Gimbici!* Ichopho lolimi lwakhe lwayisonga impukane. *Tha-si!* Ulimi lwakhe lwabuyela njengenhlamvu emlonyeni, seluphethe impukane. UKatlego wasihlafuna isidlo sakhe sasekuseni esiconsisa amathe.

"Ngifisa sengathi ngabe ngiwunwabu!" kusho uMoganana. "Ngisho nokudla kuyinto ethokozisayo kuwe."

UKatlego wayezomkhuthaza kanjani umngani wakhe oyicimbi? "Ngiyazi!" kusho yena. "Singadlala umacashelana! Moganana, uzovalamehlo akho bese ubala uze ufike ekhulwini ngesikhathi ngihamba ngiyocasha. Emva kwalokho kuzomele uzame ukungithola!"

UMoganana wagaqazela wangena edwaleni elikhulu elimhlophe. Wawavala amehlo wawathi ngci wayeseqala ukubala. "Kunye, kubili, kuthathu..." Kwathatha isikhathi eside. Kodwa-ke ekugcineni wafika esiphethweni. "Amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalombili, amashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye, IKHULU! NGIYEZA – NGISHO NGABE USULUNGILE NOMA CHA!" kumemeza yena.

Manje ngabe uKatlego ucashe kuphi? UMoganana wabuka phezulu esihlahleni esiluhlaza ngokugqunqile esinamacembe aluhlaza ngokugqunqile. Azikhali Katlego lapha. UMoganana wabheka isihlahla esinameva. Akekho uKatlego nalapho. Wabheka ngaphesheya esihlabathini esiphuzana nasotshanini obude obuphinkana. Lutho uKatlego nalapho. UKatlego wayesenyamalele!

UMoganana waqala ukukhathazeka. Ngabe kukhona okubi okwenzekile? Ngabe ukebe uthathe uKatlego wahamba naye? Ngabe inyoka imbambile? Wayazi ukuthi oklebe nezinyoka kwakuthanda ukudla izinwabu.

"Katlego! Katlego, ukuphi?" kumemeza uMoganana.

Nakho-ke esezwa izwi likaKatlego elalivela ngasedwaleni elikhulu elimhlophe, "Kunye, kubili, kuthathu – SENGIPHEPHILE!"

UMoganana wanikina ikhanda ngokumangala ngesikhathi ezibinya phezulu kwedwala. "Ubucashe kuphi? Angikutholanga ndawo!"

UKatlego wahleka. "Bengisesihlahleni esiluhlaza ngokugqunqile."

"Lutho, ngeke kwenzeka lokho!" kwasho uMoganana. "Ngibhekile lapho. Angizange ngikubone."

Unwabu lwaphinda lwahleka. "Kungenxa yokuthi ngivele ngaphenduka ngaba luhlaza ngokugqunqile, njengamacembe nje. Thina zinwabu siyakwazi ukwenza lokho. Kungubuqili obukhethekile obubizwa ngokuthi wukuzifihla."

Ave kujabulisa! Awucabange nje usukwazi ukuguqula umbala! UMoganana wazizwa esedangele ngokungaphezulu. Wayesefisa kakhulu futhi ukuthi ngabe uwunwabu!

Emva kwalokho kwase kuyithuba lakhe lokucasha. UKatlego wahlala edwaleni elimhlophe namehlo akhe angamagqamuza ewavale wawathi thaqa wayeseqala ukubala, "Kunye, kubili, kuthathu..."

UMoganana waqalaza. Angacasha kuphi? Isihlahla esiluhlaza ngokugqunqile sasingesihle. UKatlego wayezelele awubone nje umzimba wakhe omhlophe oyindilinga. Isihlahla esinameva sasingalungile. UMoganana wayewesaba ameva. UMoganana wahamba esihlabathini esiphuzana eqonde otshanini obude obuphinkana. Mhlawumbe wayezokwazi ukucasha lapho?

UKatlego wayesabala, "Amashumi amathathu nesishiyagalolunye, amashumi amane, amashumi amane nanye..."

Ekugcineni, uKatlego waqeda ukubala. "NGIYEZA – NGISHO NGABE USULUNGILE NOMA CHA!" kumemeza yena.

Manje ngabe ucashephi umngani wakhe oyicimbi? UKatlego wagingqa amehlo akhe angamagqamuza wawabhekisa le nale. Cha, uMoganana wayengekho esihlahleni esiluhlaza ngokugqunqile. Nasesihlahleni sameva wayengekho. Ngisho nasesihlabathini esiphuzana. UKatlego wacinga wacinga waze wakhathala. "Moganana! Moganana, phuma!" kumemeza yena.


Ilanga laqala ukushona. Izithunzi ezinde, ezimnyama zawa zanzamula ezweni. UKatlego wayehleli phezu kwedwala elikhulu elimhlophe, ekhathazekile. Ngabe ukebe ubambe icimbi elincane ngamazipho akhe anesihluku naciile? Ngabe iloli lihambe phezu kukaMoganana ozihluphekelayo ngamasondo alo asindayo amnyama? UKatlego wayethukuthethe ngendlela yokuthi akasidlanga isidlo sakusihlwa.

UKatlego wamcinga uMoganana ngakusasa. Nangosuku olulandelayo. Kodwa umngani wakhe wayenyamalale unomphela.

"Mngani wami, ngikukhumbule kabi! Ngisho noma ubukhononda njalo," kusho uKatlego ngokudangala.

Ngemuva kwezinsuku eziningi uKatlego wabona impukane ekhuluphele econsisa amathe esihlahleni esinameva, kodwa wazizwa edangele kakhulu ukuthi angadla. Impukane yabubula yahamba. Khona manjalo uKatlego wezwa izwi elejwayelekile. Laliphuma edwaleni elikhulu elimhlophe. "Kunye, kubili, kuthathu – SENGIPHEPHILE!" kwasho izwi.

UKatlego wahamba waya edwaleni. Kwakungeyena uMoganana lapho phezu kwedwala. Cha! Ngempela kwakungelona icimbi elimhlophe eliyindilinga! UKatlego wagunqazisa amehlo angamagqamuza wayeseqalozela – phezu kwedwala elikhulu elimhlophe kwakuhleli uvemvane oluyibhu elihle elinamaphiko amakhulu!



"Ungubani wena?" kubuza uKatlego.

"NginguMoganana," kuphendula ibhu.

"Cha, awuyena!" kwasho uKatlego. "UMoganana yicimbi lommopane elihlala lidangele futhi linesizungu!"

Ibhu lase limoyizela. "Kodwa *ngingu*Moganana! Ngqiqinile, Katlego. Ngihambe ngaya esihlabathini ngase ngizunywa wubuthongo. Lapho ngivuka, bese ngibukeka kanjena! Manje senginguMoganana, ibhu lommopane!"

UKatlego wanikina ikhanda lakhe ngokumangala.

"Futhi awubuke lapha, Katlego. Ngikwazi ukundiza!" kwasho uMoganana. Ibhu elihle labhakuzisa izimpiko zalo ezinkulu. Laya phezulu, ngaphezu kwedwala elikhulu elimhlophe.

UKatlego wayemangele. Wamemezela phezulu, "Ngabe usenaso isizungu? Ngabe usafuna yini ukuba wunwabu?"

UMoganana wabhakuzisa izimpiko zakhe ezinkulu waze waba ngaphezulu kwesihlahla esiluhlaza ngokugqunqile. "Lutho!" ememeza. "Ngifuna ukuba YIMI!"




# Nal'ibali fun

## Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali



### 1. Complete the picture and make a badge!

1. Connect the letters of the alphabet to complete the picture.
2. Colour in the picture.
3. Cut along the red dotted line to cut out the badge.
4. Use glue to paste the badge onto some thin cardboard, for example, a cereal box. Cut the cardboard to fit the badge.
5. Use sticky tape or masking tape to attach a safety pin to the back of the badge. Or make a hole at the top and thread some wool or string through it so that you can hang your badge around your neck.
6. Enjoy wearing your badge!



### Qedela isithombe wenze ibheji!

1. Xhumanisa izinhlamvu zokubhala ukuze uqedele isithombe.
2. Faka umbala esithombeni.
3. Sika ulandele umugqa obomvu onamachashazi ukuze usike ukhiphe ibheji.
4. Sebenzisa isinamathelisi ukunamathelisa ibheji ekhadibhodini elincane, ngokwesibonelo, ibhokisi lamasiriyeli. Sika ikhadibhodi ukuze ulilinganise nebheji.
5. Sebenzisa itheyiphu enamathelayo noma itheyiphu yokwemboza ukunamathelisa isipeletu ngemuva ebhejini. Noma-ke ubhoboze imbobo phezulu bese uthungela uvolo noma intambo kuyo ukuze ukwazi ukulengisa ibheji lakho entanyeni yakho.
6. Thokozela ukugqoka ibheji lakho!

### 2. Here are some wise sayings from Nelson Mandela.

☉ Match the first part of each saying with the correct second part. Colour the matching parts in the same colour. Which saying is your favourite?

- |                                |                                |
|--------------------------------|--------------------------------|
| 1. "Until I changed myself,    | A. until it's done."           |
| 2. "A winner is a dreamer who  | B. I could not change others." |
| 3. "It always seems impossible | C. never gives up."            |

### Nawa amanye amazwi obuhlakani aphuma kuNelson Mandela.

☉ Qondanisa ingxenye yokuqala yenkulumo nengxenye yesibili efanele. Faka umbala ofanayo ezingxenye eziqondanayo. Iyona yiphi okuyinkulumo oyithandayo?

- |  |                                      |
|--|--------------------------------------|
| 1. "Uma mina ngangingakaziguquli,                | A. kuze kwenziwe."                   |
| 2. "Umqobi yilowo onephupho                      | B. ngangingekwazi ukuguqula abanye." |
| 3. "Kuhlale kubonakala sengathi akusoze kwenzeka | C. ongalilahli ithemba."             |

### 3. Unscramble the coloured letters to find out what the Nal'ibali characters did to make a difference around them.

- I helped **inpat** the local library.
- I told a **royst** at a reading club.
- I read **uload** at the old-age home.

### Hlela kahle izinhlamvu ezifakwe umbala ukuze uthole okwenziwe ngabalingiswa bakaNal'ibali ukuze benze umehluko lapho bekhona.

- Ngisize **undakupe** umtapo wezincwadi wasendaweni.
- Ngixoxe **abinda** ethimbeni lokufunda.
- Bengifunda **lekazwaku** ekhaya labadala.



izimpendulo: 1. IB, 2C, 3A 3. ukupenda, indaba, kuzwakale  
Answers: 1. IB, 2C, 3A 3. point, story, aloud

Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us by calling our call centre on 02 11 80 40 80, or in any of these ways:  
UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Thintana nathi ngokushayela inombolo yesikhungo sethu ethi 02 11 80 40 80, noma enye yalezi zindlela:  
www.nalibali.org www.nalibali.mobi nalibaliSA @nalibaliSA @nalibaliSA info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust and Arena Holdings Education. Translation by Dumisani Sibiyi. Nal'ibali character illustrations by Rico.



The Herald

